

# *LELO LANGA EKHALVARY*

 Ngiyabonga, Mfowethu Neville. [UMfowethu Neville uthi, “Busiswa, mfowethu!”—Mhleli.] UNkulunkulu akubusise, Mfowethu Neville. Ngiyabonga, kakhulu.

<sup>2</sup> Livuke njani, bangane. Kulithuba elihle ukuba lapha ethabhanekelini futhi, lamuhla ekuseni, ukuzokhonza iNkosi, ngendlela yokutshumayela iLizwi lokukhulekela abagulayo. Njalo ngilokubonga kakhulu ngosuku lolu.

<sup>3</sup> Futhi ngimangele, lapho ngingena. Umfowethu uzile futhi wathi, “Kangifuni ukuba njengo wayengafanelanga olobulephero lowo awasiliswayo.” Ngumfowethu Wright. Ngamkhulelekela, njalo leNkosi imsilisile ngokupheleleyo. Njalo weza, ekhala, ukuzoxhawula isandla sami, futhi esithi ukuba—ukuba uthanda ukubonga iNkosi ngo—ngo kusiliswa. Ubefuna ukubuya futhi aphe ukubonga. Konke kuphelile. Use—use philile ngokupheleleyo manje. Silokubonga ngalobo bufakazi.

<sup>4</sup> Futhi Charlie, wena lo Mfowethu Jeffries, uba lifuna, wozani phezulu lapha njalo lithathe izahlalo phezulu lapha. Futhi liyemukeleka kakhulu, ukuze lingadingi ukuma. Omunye umfowethu laphayana, lo Mfowethu uWood, wozani nje phezulu lapha. Li...Nanzo ezincinyane, indawo ezimbawla lapha ebhentshini, ukuze kungadingi ukuthi lime. Ngiyakholwa, indawo ezimbawla lapha, futhi, yebo, lingemukeleka kakhulu ukuba futhi lithathe lezi indawo.

<sup>5</sup> Siyathokoza uku...Ngiyakholwa kwatshiwo, ngesinye isikhathi, “Ngathaba lapho besithi kimi...” UNkulunkulu akubusise, mfowethu. [Umfowethu uthi, “Izikhathi zonke ngithanda ukuba seduze lomtshumayeli.”—Mhleli.] Ngiyabonga. Bonga, ngiyabonga. “Ngathaba lapho besithi kimi, asiyeni endlini yeNkosi.” Lelo lilungelo lomKhristu futhi lenjabulo, ukuya endlini yeNkosi.

<sup>6</sup> Ngithalaza, ngibona abangane bami abanengi kangaka behkona, lamuhla ekuseni, ngiyathokoza kakhulu ngalokhu. Ngiyathokoza ukubona uMfowethu loDade uDauch lapha, abavela eOhio. Ngibona uMfowethu lo Dade Armstrong emuva le, indlela yonke bevela eOhio. UNkulunkulu alibusise lonke, futhi. Njalo, o, ngithalaza nje, ubona abanengi, kuba nzima ukubamba amabizo abo. Dade Hoover, siyathokoza ukukubona ukhona, lamuhla ekuseni, uvela phansi le eKentucky. Lo Charlie lo Nellie, Mfowethu Jeffries lemuli yakhe, futhi labanengi bakhona, abavela ngaphandle kwedolobho.

<sup>7</sup> Ngakho sikhangelele isikhathi esikhulu eNkosini, lamuhla ekuseni, sikhangelele uNkulunkulu ukuhlangana lathi

ngendlela yokubusisa imiphefumulo yethu futhi lokusikhonza ngezinto esizidingayo.

<sup>8</sup> Njalo lapho ngikhangela indawo yonke, aluba ngingabiza bonke abangane bami lapha, ngingathatha phose ukusa konke, ngikhulumu abatshiyeneyo. Kungenza ngizwe kuhle ukuphenduka ebandleni, ukubona bonkeabantu bekhona, ukuba sihlangane.

<sup>9</sup> Kuzakubanjani nxa singena eZulwini, futhi sihlangane Khonale okwesikhathi esikhulu saphakade, sobudlelwano obuNgapheliyo sindawonye, sizungeze isiHlalo sikaNkulunkulu, njalo lezibusiso uqobo lezo esizithandileyo sonke? Thina, Khonale, siyabe senziwe ngesimo saKhe, futhi langomfanekiso waKhe, njalo loMoya waKhe uphezu kwethu, ukumdumisa lokumkhonza Yena iPhakade yonke, singasoze sadinwa.

<sup>10</sup> Khumbula nje, kakulanto leyo ongayikhumbula, leyo ongathanda ukuyenza, kodwa ngesikhathi esithile uyadinwa ukuyenza. Charlie, ngiyakhumbula wena lami sizingela osinti ukweddlula yonke into esithanda ukuyenza, ngendlela yokwenza lokho, kodwa, uyazi, uyadinwa ukukwenza.

<sup>11</sup> Futhi ngi—ngiyathanda uku—ukuhamba umango omude ngezinyawo, ngingene ezintabeni njalo ngiphongukuhamba nje. Kodwa ngiyadinwa, ngesinye isikhathi, ufunu ukwenza okunye okutshiyeneyo.

<sup>12</sup> Futhi ngiyathanda ukutshayela. Kwezinye izikhathi ngiqala ukuzwa ngidiniwe futhi ngikhathiele, futhi lemizwa yami ikhathazekile. Ngiyayeqela emoteni yami futhi ngisuke, ngibambe isitshayelo, ngisehla ngomgwaqo, ngihlabela, “Ngiyathokoza ukuthi ngithi ngingomunye wabo,” kumbe okunye. Ngibambe isitshayelo, futhi ngihlabela, njalo ngitshayelela phansi unyawo lwami ngesithende, futhi ngimemeza. Njalo, yebo, ngemva kwesikhatshana, ngiyadinwa, futhike ngiyabuyela ngekhaya njalo ngiqalise okunye ke.

<sup>13</sup> Kodwa nxa siqala ukudumisa uNkulunkulu kulowo Mbuso omutsha, kakusoze kube lesikhathi sokudinwa, kuphela—kuphela kuyahlala kulesibusiso, kokuphela nje kusiya lokusiya. Kodwa, phela, siyabe sesiguqulwe ngalesosikhathi. Sizakuba sesinganjengalokhu esiyikho khathesi. Sizakube sehlukile, izidalwa ezechukileyo kulamanje. Ngakho, siyajabula.

<sup>14</sup> Bengicabanga nje. Kangikwazi ukuba sengake ngakutsho, lokhu kumbe qha. Mfowethu Charlie, ngesinye isikhathi esedluleyo, ngangiphansi le eKentucky kanye laye, futhi wathi, “Mfowethu Branham, uyacabanga, eminyakeni eyiNkulungwane, wena lami sizazingela osinti?”

Ngathi, “Angicabangi njalo, Charlie.”

<sup>15</sup> Wathi, “Phela, sasikuthanda kakuhle,” wathi, “u—ucabanga sizakwenza nxa singena eminyakeni eyiNkulungwane?”

Ngathi, “Hatshi, kakula lutho oluzabulawa phakathi kweminyaka eyiNkulungwane.”

Futhi wathi, “Phela, sasikuthanda nje.”

<sup>16</sup> Ngathi, “Charlie, ngabe ngangingakwenza uvume ukuthi ngesinye isikhathi wawuyihotshi, njalo waphakama ukuba yisidalwa esiphakemeyo, ukuba ube ngumuntu? Ungahamba, ungafuna ukubuyela njalo ukholise injabulo zengulube?”

Wathi, “Hatshi.”

<sup>17</sup> Ngathi, “Bona, uzabe usuphakeme kakhulu ukudlula ihotshi, manje, ungumuntu, awungeke ufune futhi ukuba yihotshi.” Ngathi, “Manje phinda lokho ngezinkulungwane ezilitshumi, futhi yikho ozakuba uyikho nxaxa usuguqulwe kusuka lapha kusiya kulokho ozakuba yikho. Awusoze ufune ukuba ngumuntu futhi.”

<sup>18</sup> Kunjalo lokho. Kuzakuba ngenye into eyahlukileyo. Ngiyathokoza kangako nje ngokukucabanga khona, ukwazi ukuthi ngelinye ilanga sizakukhwela phezulu.

<sup>19</sup> Kahle, manje, uma iNkosi ithanda, iNsonto elandelayo, okuzabe kuphose... Ngakho ngizakusuka, ukuphuma ngisiya eWyoming, kanye lomngane olungileyo; kumbe phandle e Idaho, kanye lomngane wami olungileyo, uMfowethu Miner Arganbright, uMfowethu Clayt Sonmore, amaDoda amaBhizimusi esiKhristu.

<sup>20</sup> Iviki ezayo, iviki elandela ezayo, kukhathesi; umhlaka 7, ngimele ngibe—ngibe seDallas, Texas, e Voice of Healing Convention. Njalo ubusuku bami bokukhuluma ngumhlaka 7. Futhike ngibe sengiphenduka, ukuhamba eIdaho lo Mfowethu Arganbright futhi lamaDoda amaBhizimusi esiKhristu. Njalo mhlawumbe ngibe lobusuku obubodwa e Minneapolis, singakasuki. Futhike okunye ukudla kwekuseni kwamaDoda ezamaBhizimusi esiKhristu.

<sup>21</sup> INkosi iyathanda, iNsonto elandelayo ekuseni ngifuna ukuphenduka lapha ethabhanekelini futhi, njalo nxaxa kuvumakala futhi kuyintando yeNkosi. Futhi ngifuna ukukhuluma ngesifundo se *Isivunguzane Phakathi Ko Moya*, nxaxa iNkosi ithanda. Kukhangeleke kusenhliziyweni yami, yonke iviki.

<sup>22</sup> Njalo ngokunye ukusa, ekuseni sibili, phose ngelesine ekuseni, ngavuka futhi ngathola lumcabango, “Lelo langa eKhalvary.” Njalo ngifuna ukukhuluma ngalokho, ngalokhu ukusa: *Lelo Langa EKhalvary*.

<sup>23</sup> Njalo manje ekubaleni kwalokhu, kasivulen manje emaBhayibhilini ethu, eMbhaweni, eVangelini likaMathewu oNgcwele, esahlukweni 27. Futhi sizaqala ngevesi yesi 27 njalo sifunde isigaba salo uMbhalo, ukuthola izisekelo zethu,

ngakho sizaqalisa khona manje. Futhi ngemva kwenkonzo yokutshumayela, ngakho sizakuba lokuthandazela abagulayo.

<sup>24</sup> Njalo, o, kusukela isikhathi sokucina lapha, ukuphendukisa nje, futhi ukulinganiswa kohlobo lwenkonzo yami entsha. Ngaba lobufakazi obunengi obazayo kulowo mhlangano ukwedlula engibelakho kuloba yiypifi okwesikhathi eside.

<sup>25</sup> Kulenyе into mayelana, eyokuthi kumele uthinthane lomuntu, kungelani ukuthi kutshengiswa kangakanani okungaphezu kwemvelo. Kodwa, bona, ukusiliswa kumele kuhlale phezu kokukholwa kothile. Manje, nxa othile elokukholwa...

<sup>26</sup> Futhi bayabona, njengo, Moya oNgeweles ehamba phezu kombuthano futhi athi, “*Izinto ezithile-thile* zenzakala. Njalo, ukuthi, *unguzibani-futhi uzibani ibizo*. Njalo uvela endaweni *ethile*. Futhi lento *ethize* leyo oyenzileyo. Njalo kuzakuba *ngale* indlela.” Futhi ubone konke kwakho kusenzakala ngaleyendo ndlela nje!

<sup>27</sup> Kunjalo, othile, eholezi lapho, kumele akhangale phezulu futhi athi, “Lokho kumele kube nguNkulunkulu. Ngiyamukela ukusila kwami.”

<sup>28</sup> Kodwa, esikhundleni salokho, othile uthi, “Beka izandla phezu kwami futhi ungikhulekele, ukuze ngisiliswe.” Kodwa yiyo indlela esifundiswe ngayo lapha eMelika, njalo, ukuthi, ukukholwe lokho. Futhi lokho ngeqiniso nguMbhalo.

<sup>29</sup> Kodwa manje siyafumana, eAfrika lezinye indawo ezitshiyeneyo, yekela nje into enjalo yenzakale, umbuthano wonke ufinyelela phezulu ngasikhathi sinye, bemukele ukusila kwabo, ngokuba kabafundiswanga lutho. Bona? Kabazange bafundiswe loba ukusiliswa. Njalo ke lapho bebona lokho, bayakwazi ukuthi kuloNkulunkulu ophilayo. “Njalo nxa Yena ephila, Yena—Yena emkhulu, futhi Yena—Yena uyasilisa.” Futhi kuba yikho, ngoba isisekelo vele sesendlaliwe, izisekelo, ukuba Yena ungumsilisi, futhi usilisa abantu. Ngakho lapho bebona ubuKhona baKhe busebenza ngeBandla laKhe, lapho bathi, “Lokho kuqedo indaba. Yikho kuphela esikudingayo.”

<sup>30</sup> Kodwa sifundisiwe, “ukubeka izandla phezu kwabagulayo,” futhi lezinto ezinjalo. Yiso isizatho kungasebenzi kuhle kangako eMelika.

<sup>31</sup> Manje, khumbula, iNsonto elandelayo ekuseni, iNkosi ithanda, uMfowethu Neville uzakumemezel, yebo phela. Njalo...i... *Isiwunguzane Phakathi Ko Moya*.

<sup>32</sup> Manje, bengilinika isikhathshana ukuvula eMbhalweni yenu, kuMathewu 27. Kasiqaleni ukubala e—endimeni ka27, eVangelini likaMathewu oNgeweles. Manje kasilalelisiseni ekubaleni.

*Khona amabutho ombusi ayesemthatha uJesu endlini  
yombusi, aqoqela kuye ibutho lonke.*

*Amhlubula, amggokisa isembatho esibomvu.*

*Sebelukile umqhele wameva, bamethesa wona phezu kwekhanda, lomhlanga esandleni... sakhe: aguqa ngamadololo phambi kwakhe, bamklolodela, besithi, Bayethe, Nkosi yamaJuda!*

*Bamkhafulela amathe, bathatha umhlanga, bamtshaya ekhanda.*

*...ngemuva kokuba sebemkololodele, bamhlubula isembatho sakhe, bamggokisa phezu ezakhe izambatho, bamqhuba ukuba bambethelo.*

*Kwathi sebephuma, bafica indoda yase Khurene, uSimoni ibizo lakhe: yena bambamba ngamandla ukuthwala isiphambano sakhe.*

*Futhi lapho sebehambile, sebehambile endaweni okuthiwa yiGolgotha, okutsho ukuthi, indawo yokakhayi,*

*Bamnika iwiniga ukuba anathe elixutshaniswe lenyongo:... kodwa lapho eselinambithile, wala ukulinatha.*

*Futhi bambethela, njalo behlukaniselana izambatho zakhe, futhi benza inkatho yokuphosa: ukuze kugcwaliseke okwakhulunya ngumprofethi, Babelana izambatho zami phakathi kwabo, benza inkatho yokuphosa ngesambatho sami.*

*... bahlala phansi bamlinda khonapho;*

*Futhi babeka... phezu kwekhanda lakhe icala lakhe libhaliwe, LO NGUJESU INKOSI YABAJUDA.*

*Ngakho kwaba lamasela amabili ababethelwa kanye laye, omunye ngakwesokunene, lomunye ngakwesokhohlo.*

*Futhi laba—labadlulayo bamhlambaza, benikina amakhanda abo,*

*Futhi besithi, Wena owadiliza ithemphehi, futhi ulakhe ngensuku ezintathu, zisindise. Uba uyiNdodana kaNkulunkulu, yehla esiphambanweni.*

*Ngokunjalo futhi labapristi abakhulu bemkololoda, bekanye lababhali labadala, bathi,*

*Wasindisa abanye; yena angezisindise. Uba eyiNkosi yako Israyeli, kehle khathesi esiphambanweni, futhi sizamkholwa.*

*Wathemba kuNkulunkulu; kamkhulule kathesi, uba engamsindisa: ngoba wathi, ngiyiyiNdodana kaNkulunkulu.*

*Amasela labo, ababebethelwe kanye laye, bamdumaza ngokunjalo emazinyweni abo, emazinyweni akhe.*

*Njalo kusukela ngehola lesithupha kwaba mnyama phezu kwelizwe lonke kwaze kwaba lihola lesificamunwemunye.*

*Sekungaba lihola lesificamunwemunye uJesu wamemeza ngelizwi elikhulu, esithi, Eli, Eli, lamasabakthani? okutsho ukuthi, Nkulunkulu Wami, Nkulunkulu Wami, ungitshiyeleni?*

*Abanye babo ababemi lapho, besizwa lokho, bathi, Lubiza uElija.*

*Masinyane omunye... wagijima, wathatha isipontshi, wasigcwala ngeviniga, wasihloma emhlangeni, wamupha ukuba anathe.*

*Abanye bathi, Yekelani, ake sibone ukuba uElija uzakuza ukumsiza.*

*UJesu, esephindile wamemeza ngelizwi elikhulu, umoya wake waphuma.*

*Futhi, khangela, ivenyili lethempeli ladatshulwa kibili kusukela phezulu kusiya phansi; lomhlaba wazamazama, lamadwala aqhekezeza;*

*...amangcwaba avuleka; lemizimba eminengi yabangcwele ababelele yavuka,*

*Futhi baphuma emangcwabeni ngemuva kokuvuka kwakhe, njalo bangena emzini ongcwele, futhi babonakala kwabanengi.*

*Kwathi induna yekhulu, lalabo ababelayo, belinde uJesu, bebona ukuzamazama komhlaba, futhi lalezozinto ezazensiwe, besaba kakhulu, besithi, ngeQiniso lo ubo yiNdodana ka Nkulunkulu.*

<sup>33</sup> Asikhothamiseni amakhanda ethu okwesikhatsana okomthandazo.

<sup>34</sup> Nkosi, siyakwazi ukuthi Wena ungu Nkulunkulu. Njalo ku... Ngemuva kokufunda leli iLizwi elihloniphekayo lelingcwele, silokhu sibona ukuthi isimo saKho kasiguqukanga. Uhlezi unguNkulunkulu. Njalo kukhangeleka sengathi uJesu wayengasoze afumane usizo, ukuba Yena wathathwa ngezandla ezimbi futhi waqunywaqunya izicucu, wakhafulelw, weyiswa, njalo elenge esiphambanweni, esopha, esifa. Futhi kwakhangeleka ingathi kakulasizo, ngitsho langaphi, kwaze kwathi Wakhala, Ngokwakhe, "Nkulunkulu Wami, Nkulunkulu Wami, Ungitshiyeleni Mina?"

<sup>35</sup> Kodwa, Wena wenza ngesikhatsana lapho kungekho nto engenza. Siyaphiwa ukwazi, Nkosi, ukuthi uba kulemifula esingenelisi ukuyichapha, uba kukhona izintaba esingenelisi

ukudlula kuzo, uNkulunkulu unakekela ekwenzeni izinto abanye abangeke bazenze.

<sup>36</sup> Uyingcwethi, emsebenzini, ngokuba Wasazi isizatho salelo langa eKhalvary. Wena, unguNkulunkulu, Lowo ongelamkhawulo, wazi ukuba lelihola kumele lize. Kodwa lapho kugcwaliswa, ngakho Watshengisa ukuthi UnguNkulunkulu. Watshengisa ukuba umlawuli nguBani. Wanyikinya umhlaba, futhi labangcweli labo ababelele emhlabathini baphuma. Wafiphaza ilanga ebusuku, njengobumnyama bobusuku, utshengisa ukuba Ungu Nkulunkulu. Kodwa Wakhangeleka uthule okwesikhathi eside.

<sup>37</sup> Sivumele, kusuka kulokhu, sinqume isiphetho, ukuthi, uba sihamba ngoMoya, sikhokhelwa yisandla sikaNkulunkulu, loba yikuyini okukhangaleka kuphambanisekile, kodwake sikhanglele iKhalvary; uNkulunkulu uzakhulumu ngeholo elifaneleyo, ngesikhathi esifaneleyo.

<sup>38</sup> Manje, Baba Nkulunkulu, siyakucela ukuthethelelwu kwezonzo zethu leziphambeko zethu. Siyakucela uMoya waKho ukuba usikhokhele. Sikhokhele, njengeJuba lakhokhela iWundlu. Yenza sibe ngabalalelayo kuloba yikuyini okungasehlela, sisazi lokhu, ukuthi uNkulunkululu usebenza kuhle zonke izinto, futhi lokwazi ukuthi konke kulungile.

<sup>39</sup> Woba lathi lamuhla kuleyi inkonzo. Siyatandaza ukuba Usindise bonke labo abasesimweni sokusindiswa, njalo bedinga insindiso. Gcwalisa labo ngeMpilo eNgapheliyo, abadinga okunjalo. Siyatandaza ukuba usilise labo abagulayo labahluphekileyo, labo ababuyileyo, bedinga ukusiliswa. Futhi sizakukudumisa Wena ngakho. Sikucela khona ngeBizo leNdodana Yakho, uMsindisi wethu, uJesu Khristu. Ameni.

<sup>40</sup> Manje, ekukhulumeni ngalokhu ukusa, sithanda ukulidonsela kulesi isihloko engisikhethileyo ukukhulumu kuso: *Lelo Langa EKhalvary*.

<sup>41</sup> Kukhangaleka kungathi kungaba kancinyane ngaphandle kwesikhathi; lokhu kumele kube ngolweSihlanu lwe Phasika. IKhalvary kumele ikhunjulwe insuku zonke. Njalo sesizwe kakhulu ngakho, sesifunde kakhulu ngakho. Abatshumayeli sebetshumayele ngakho, kusukela ekuqualiseni kwesikhathi. Abahlabelel bahlabele ngakho, kudlula ezizukulwaneni. Abaprofethi bakukhulumu ngaphambili, iminyaka ezinkulungwane ezine kungakenzakali. Futhi labaprofethi balamuha bakhomba emuva lapho okwenzakala khona. Kulilanga eliqakathekileyo! Ngelinye lamalanga aqakathekileyo ukwedlula wonke amalanga uNkulunkulu awavumela ukuthi abe emhlabeni.

<sup>42</sup> Futhi uba kuqakatheke kangaka kusizukulwane sabantu, iKhalvary, ngikhumbula ukuba kuhle kithi ukubuyela emuva sihlole, sibone ukuthi itshoni kithi. Ngoba, ngileqiniso,

kulesi isikhathi esesiphelile esiphila kuso, sidinga konke ukuqakatheka kukaNkulunkulu esingabakwazi. Njalo konke esingakufumana, silapha ukuba sifunde ngakho, ukubona ukuthi yikuyini okungokwethu, futhi lalokho uNkulunkulu asenzele khona, lokubona ukuthi Yena uthembise ukusenzelani. Futhi yikho esikuzela ebandleni. Yikho umtshumayeli etshumayela, yikho efundisisa lokuzindla eMbhaweni, njalo edinga ukuholwa, kungokuba uyinceku kazulu wonke kubantu bakaNkulunkulu. Futhi uzama ukufumana ulutho oluza... lolo uNkulunkulu azalukhuluma ebantwini baKhe, into ezakubasiza. Mhlawumbe, kungaba, ukubalahla ezonweni zabo, kodwa abelusizo ukuba phakamisa, ukuze batshiye izono zabo njalo baphakame ukukhonza iNkosi. Futhi abafundisi kumele badinge lezi izinto.

<sup>43</sup> Futhi lolu usuku, luqakatheke kangaka, olunye lwezinsuku ezinkulu kakhulu, asikhangeleni ezintweni ezintathu ezitshiyeneyo lokho lolosuku elakutsho kithi. Singathatha okungamakhulu. Kodwa, lokhu ukusa, ngikhetha nje okutshiyeneyo okuthathu, izinto eziqakathekileyo esifuna ukuzikhangela, okwesikhatsana esilutshwana esilandelayo, lokho iKhavaly eyakutshoyo kithi. Futhi ngiyakhuleka ukuthi kuthonisise sonke isoni esikhona; kwenze wonke ongcwele aye emadolweni akhe; kwenze wonke umuntu ogulayo aphakamise ukukholwa kwakhe kuNkulunkulu, futhi asuke, esesilisiwe; sonke isoni, sisindiswe; umhlehleli emuva wonke aphenduke, futhi abelamahloni ngokwakhe; futhi wonke ongcwele, athokoze, njalo abambe kakutsha lethemba elitsha.

<sup>44</sup> Eyodwa enkulu eqakathekileyo into lokho iKhavaly ekutshoyo kithi njalo lomhlaba, yilokho, yaqedu udaba lwesono, kwaba kanye kokuphela. Umuntu watholakala elecal angesono. Futhi isono sasiyisijeziso leso umuntu ayengeke asihlawule. Isijeziso sasisikhulu kakhulu kwaze kwangabikhona owayengahlawula isijeziso. Ngiyakholwa ngeqiniso ukuthi UNkulunkulu wakuhlela ukuba kube yileyo ndlela, ukuze kuthi isijeziso sibe Sikhulu kakhulu ukuba kungabi lomuntu ongasihlawula, ukuze Yena akwenze, ngokwaKhe. Manje, isijeziso sesono sasiyikufa. Njalo sonke sazalelwu esonweni, sabunjelwa ebubini, seza emhlaben, sikhuluma amanga. Ngakhoke kwakungekho lamunye wethu owayefanele, kumbe, babengeke bafumana lamunye emhlaben owayefanele.

<sup>45</sup> Njalo isono asizange sijalise emhlaben. Isono saqala eZulwini. ULusi-...waye...ULusifa, usathane, wayeyisidalwa esilahliweyo, ngokungalaleli kwakhe, kuqala lapho engakahlaseli umhlaba. Isono saqala eZulwini, lapho uNkulunkulu wabeka iziNgelosi, futhi lokunye, esilinganisweni sinye leso abeka Yena abantu kuso; ulwazi, isihlahla solwazi, isihlahla sokuPhila futhi lesihlahla solwazi, lapho umuntu owayengathatha ukhetho lwakhe. Futhi lapho uLusifa ephiwa

ubukhulu, ukwenza ukhetho lwakhe, wafuna okungcono lalokho uNkulunkulu ayelakho. Yikho okwaqala uhlupho.

<sup>46</sup> Futhi kwaba lemfunkalo ngenxa yesono. Imfunakalo yaba yikufa. Ukuwa kwaba yisijeziso. Njalo, lokho yikuba, singangena kokunengi kwalokhu, ngoba kangikhola ukuthi kukhona okunye kodwa ukufa okukodwa. KuleMpilo eyodwa. Futhi ngiyakholwa umuntu olokuphila okuPhakade angeke afa. Futhi ngiyakholwa kulokutshabalaliswa okupheleleyo kwalowo mphefumulo owonayo, ngoba iBhayibhili yathi, “Umphefumulo owonayo, ngeqiniso uyakufa.” Hatshi umuntu; “*umphefumulo* owonayo.” Yikho, uSathani kumele afe ngeqiniso, abhujiswe ngokupheleleyo. Kangivumelani njani labenkolo yensindiso jikelele abathi uSathani uyakusindiswa! Yena wona, futhi nguye umqali wesono. Njalo umphefumulo wakhe wona; futhi wayengumoya. Lowo moya uyakutshabalaliswa ngokupheleleyo, kungabi lalutho lwavo oluseleyo.

<sup>47</sup> Njalo lapho isono sihlasela umhlabo, emuva le ekuqaleni, njenge ngubo yobumnyama isiwa ivela emazulwini, sawomisa umhlabo ngempela. Saphosela sonke isidalwa, emhlabeni, futhi lendalo yonke kaNkulunkulu, ebugqilini. Umuntu waba phansi kobugqili bokufa, umkhuhlane, uhlupho, izinsizi. Imvelo yonke yawa kanye lawo. Isono saba yisiqedamandla ngempela esawomisa umhlabo. Njalo sabekwa lapha, singelathemba, ngoba sonke isidalwa emhlabeni sehliselwa ngaphansi kwaso. Futhi wonke owazalwa emhlabeni waba ngaphansi kwaso.

<sup>48</sup> Ngakho, kwakumele kuvele kweyinye iNdawo lapho okwakungekho isono. Kwakungeke kuvele emhlabeni. Omunye wethu wayengeke ahlenga omunye. Kwakumele kuvele koMunye.

<sup>49</sup> Ngakhoke, lapho umuntu ebona ukuthi wehlukanisiwe loNkulunkulu wakhe, waba luzulani. Balila. Bakhala. Batshikatshika. Bazulazula, phakathi kwezintaba laphakathi kwezinkangala, bedinga uMuzi umakhi wawo lomenzi wawo wayengu Nkulunkulu. Ngoba, wayesazi ukuthi uba wayengabuyela ebuKhoneni bukaNkulunkulu, wayengakhulumisana laYe. Kodwa yayingekho indlela yokubuyela. Waba ngolahlekileyo. Kazange abekwazi ukuthi aphendukele kuyiphi indlela, ngakho waphuma nje, ezulazula, ezama ukufumana lapho ayengafumana indlela yokubuyela kuleyo Ndawo. Enye into ngaphakathi kwakhe yamtshela ukuthi wavela e—eNdaweni eyayiphelele. Akulamuntu lapha kulo umbuthano obonakalayo, kulokhu ukusa, kumbe embuthanwemi wethephu, lapho ezabhoda umhlabo, akula loyedwa lapha, kumbe loba ngaphi, kodwa odinga lokho kuphelela.

<sup>50</sup> Uyabhadala izikwelede zakho, ubusukhumbula, “Lokho kuzaqeda konke.” Lapho usubhadele izikwelede zakho, kube sekusiba logulayo emulini yakho. Lapho umkhuhlane

usuphelile, ube ususiba lezinye izikwelede ezinengi zokubhadala. Into yokuqala uyazi, inwele zakho seziphenduka zisiba mhlophe, njalo futhi usufuna ukubuyela ubemutsha. Futhi kuleyinye into isikhathi sonke, kokuphela, futhi ngenxa yalelo vinqo lesono. Kodwa enhliziyweni yakho, ngoba lokho udinga lokho, kuyatshengisa ukuthi kulokuPhelela kweyinye indawo. Kwenye indawo, kukhona eyinye into.

<sup>51</sup> Yiso isizatho, izikhathi ezinengi, lamuhla, ukuba isoni silokhu sizulazula. Enhle, intombazana iyagela amaxha enwele zayo, ukuba lodumo; icombe ubuso bayo, ukuyenza ikhangeleke inhle; igqoke iziqqoko ukutshengisa isimo somzimba wayo. Ngokuba, yinto kuphela leyo angayifumana, efumana kwenye indawo ezama ukufumana enye into engeza kuye, lapho esenza amadoda bamtshayele ukhwelo, bamphakamisele isandla, behkombisana laye. Ijaha elitsha liyenza into yinye emfazini, azame ukuzenza abukeke kuye. Omakhelwane bayakha indlu, futhi bayenze ngendlela ethile, ngoba izakhangeleka ngcono kancanye ukwedlula ekamakhelwane wakhe. Yisikhathi sonke, sidinga ulutho, futhi olunye ulutho luyaqhubeke lusiya ngaphezu kwakho kancinyane. Intombazana izafumana eyinye intombazana iyazakala ukwedlula yona. Umakhelwane uyafumana indlu ekhangeleka ngcono ukwedlula eyakhe. Umfazi uyafumana omunye umfazi egqoke ngendlela ethile, ekhangeleka ngcono ukwedlula lokho akwenzayo.

<sup>52</sup> Ngeyinye into ephakathi kwethu, edinga olunye ulutho, futhi kuyatshengisa ukuba silahlekile. Sifuna ukufumana leyonto ezasiletha kulokho kusuthiseka, ezafumana leyondawo elambileyo lapho, kodwa kukhangeleka sengathi asenelisi ukuyifumana. Abantu bakuzama eminyakeni. Bakulilela. Bakhala. Benza konke ababesazi ukuthi bakwenze njani, kodwa loba kunjalo abazange bakufumane, bezulazula bebhoda umhlaba.

<sup>53</sup> Ekucineni, ngelinje ilanga, yilo lelo langa leKhalvary, kwaba loMunye owehlayo evela eNkazimulweni. OMunye, oBizo lingu Jesu Khristu, iNDodana kaNkulunkulu, loWo owehla evela eNkazimulweni, njalo iKhalvary yabunjwa. Yilo ilanga lapho inhlawulo yabhadalwa, lendaba yesono yaqedwa kokuphela. Futhi kwavula indlela kuleyi into esiyilambeleyo lesiyiwomeleyo. Yaletha indawo yokusuthiseka. Akulamuntu ongavakatshela iKhalvary, ayibone indlela eyayiyiyo, ongahlala enjalo. Yonke into owawukewayifisa kumbe wayilangazeleta, iyatholwa, lapho efika kuleyo ndawo.

<sup>54</sup> Yaba lusuku oluqakathekileyo, futhi lento eqakathekileyo, yanyikinya umhlaba. Yanyikinya umhlaba, sengathi wawungakaze unyikinywe emuva. Lapho uJesu esifa eKhalvary futhi wahlawula indaba yesono, lumhlaba owonakeleyo waba lobumnyama. Ilanga latshona phakathi kwemini, laba

lokudilika ngovalo. Njalo amadwala anyikinyeka, izintaba zaqhekezeka, futhi imizimba efileyo yaphuma engcwabeni.

<sup>55</sup> Yenzani? UNkulunkulu wanemba, eKhalyvary. Wayilimaza leyonyamazana, ebizwa ngokuthi Sathani, laninini. Manje usebelolaka okwedluleleyo kusukela lapho, ngoba kwaletsha ukuKhanya esizukulwaneni sabantu. Futhi loba ngubani uyazi ukuthi inyamazana elimeleyo ilolaka kakhulu, iyagaqa ibhoda umgogodla wayo wephukile. Manje, uSathani watshaywa waphuma, eKhalyvary. Umhlaba watshengisa ukuba kwakunjalo.

<sup>56</sup> Inhlawulo enkulu eyake yabhadalwa, futhi Yena kuphela owayengayibhadala, weza futhi wakwenza eKhalyvary. Ÿikho lapho inhlawulo enkulu eyahlawulwa khona. Ngeyinye yezinto. UNkulunkulu wayekufunile. Kwakungela muntu ofaneleyo. Kwakungela muntu owayeselisa. Kwakungela muntu owayengakwenza. Futhi uNkulunkulu weza, Yena ngokwakhe, wenziwa wabangumuntu, futhi waphila impilo yomuntu, phansi kwezfiso zomuntu, njalo wabethelwa eKhalyvary. Futhi lapho, uSathani ekhumbula ukuthi Yena wayengeke akwenze, Yena wayengeke adlule kukho, Yena wadlula eGetsemani njalo lesilingo sonke umuntu wonke owake wasimela. Wadlula kukho njengabantu bonke, kodwa Wahlawula imbhadaloo.

<sup>57</sup> Futhi yikho okwafiphaza umhlaba. Kwakunjengomuthi oqedubuhlungu ekuhlinzweni. Uba udokotela esipha umuntu umuthi wokuqedubuhlungu, uqala amlalise, lapho engakakwenzi. Futhi lapho uNkulunkulu esipha uku—ukuhlinzwa kweBandla, umhlaba waqedubuhlungu, indalo yaba lokudikiza. Akumangalisi! UNkulunkulu, esenyameni yomuntu, wayesifa. Kwakuyisikhathi leso umhlaba owawusikhangelele, kodwa abanengi babengakwazi.

<sup>58</sup> Njengoba kunjalo lamuhla, abanengi bebekhangelele lezi izinto, futhi kabaziqapheli. Kabayiboni indlela yokuphuma. Balokhu bezama ukudinga injabulo lezinto zomhlaba, bezama ukudinga indlela yabo yokuphuma.

<sup>59</sup> Kwake kwabakhona, kube lezitshengiso ezinengi ezakhomba kulolo suku, lokubonisa ngaphambili okukhulu okunengi. Lwalufanekiswe phambili ngewundlu, ngenkunzi, ngejuba, futhi lazo zonke lezi izinto, kodwa loba kunjalo kwakungelakwaphula. Kwakungelakwaphula leso sibopho sokufa, lapho uSathane wayelomhlaba.

<sup>60</sup> Amadwala ngokwawo lawo ayewahamba, ekhwela-futhi-esehla emhlaben, isibabule esivuthayo! ULusifa wayeyindodana yokusa, futhi wahamba emhlaben lapho kuludaka olubhebhayo. Lawo madwala ayesephophile, lapho uJesu esifa eKhalyvary, abhodla esuka enhlabathini.

<sup>61</sup> Inhlawulo eyabhadalwayo, futhi lobugqila bukaSathane bephulwa. UNkulunkulu wabuyisela ezandleni zomuntu, indlela

yokubuyela kulokho ayekudinga. Wayenga samelanga akhale futhi. Watshaya, lapho Esephula umgogodla kaSathane, lapho eKhalvary, umgogodla wesono, owomkhuhlane! Futhi kuletha wonke umuntu wenyama, emhlabeni, abuyelete ebuKhoneni bukaNkulunkulu, lezono zithethelelwe. Haleluya! Izono zethu zithethelelwe. Ngitscho futhi ukuthi uSathane angeke asivimbezele kuNkulunkulu.

<sup>62</sup> Kulomgwaqo owenziweyo. Kulefoni ehlezi lapho. Kulocingo oluya eNkazimulweni, luletha umuntu wonke ekufinyeleleni lolocingo. Nxa umuntu egcwele isono, luyamxhumisa emphakathini. Yena angathethelelwa leso sono. Kungayisikho lokho kuperha, kodwa leso sono sihlawulelwe. O! Awudingi ukuthi uthi, "Mina kangifanelanga." Ngeqiniso, kawunjalo, ungeke wabanjalo. Kodwa Yena ofaneleyo wathatha indawo yakho. Ukhululekile. Kawudingi ukuba uzulazule futhi. Kawudingi ukuba ngumuntu odinga injabulo lapha emhlabeni.

Ngoba kulomthombo ogcwele iGazi,  
Elidonswe emithanjeni kaEmmanuel,  
Lapho izoni zicwilisiwe phansi kokugcwala  
kwalo,  
Balahlekelwa ngamatshatha ecala.

<sup>63</sup> Kawudingi ukulahleka. Kulomgwaqo, futhi leNdlela, njalo ibizwa iNdlela yobungcwele. Abangcolileyo kabedluli phezu kwayo. Ngoba, udlula phakathi komthombo, kuqala, futhi abesengena umgwaqo.

<sup>64</sup> Wephula amandla kaSathane. Yena wavula izivalo zentolongo yesihogo, kuwo wonke umuntu owayevalelwe, kulo umhlabu, phakathi kwezintolongo, esesaba ukuthi lapho esifa, ukuthi ukufa kuyakuba yini kuye. EKhalvary, Yena wavula lezozivalo zentolongo, wayekela izithunjwa zonke zakhululeka. Kawusadingi ukuba udatshulwele phansi yisono. Kawusadingi ukuba unikele izitho zakho esonweni, ekunatheni, ekubhemeni, ekutshoveni, ekupqambeni amanga. Ungathembeka, ulunge, futhi uqonde. Futhi uSathane angeke enza lutho ngakho, ngoba ubambe intambo, intambo yeMpilo egxile eDwaleni laPhakade. Akulalutho olungakunyikinya kuKho. Akula mimoya engakunyikinya kuKho. Akula lutho, ngitscho lokufa ngokwakho, okungasehlukanisa ethandweni lukaNkulunkulu olukuKhristu Jesu. Yikho okwakutshiwo yiKhalvary.

<sup>65</sup> Abantu ababesebugqilini bakhululwa. Abantu abake babaphansi kokwesaba ukufa abasesabi ukufa. Umuntu olangazelela uMuzi, omakhi futhi lomenzi wawo, uNkulunkulu, angangena emgwageni, amise ubuso bakhe eZulwini, ngoba ukhululwiwe. Haleluya! Yena uhlengiwe. Kadingi ukuzulazula futhi, ngoba kulendlela yokwazi ukuba uqondile kumbe hayi. uNkulunkulu usipha ukuPhila. Izono zethu kaziseko. Lolo suku

eKhalvary lwabhadala inhlawulo. Lapho sibona konke lokhu, akumangalisi imbongi yaloba:

Phakathi kwamadwala aqhekezekayo futhi  
lesibhakabhaka esibamnyama  
Umsindisi wami wagobisa ikhanda laKhe futhi  
wafa.  
Iveli elivulekayo lembula iNdlela  
Enjabulweni yaseZulwini losuku  
olungelakuphela.

<sup>66</sup> Abrahama kadingi ukuzula futhi, edabula ilizwe, edinga umuzi. Isoni kasidindi ukuba sibelokhu siswela, ukuba singasindiswa kumbe hayi. Okulayo kadingi ukuba ebekwazi ukuba usilile kumbe hayi. Ukuvuleka kweveli, ngalelo langa eKhalvary, kwembula iNdlela ekunqobeni okupheleleyo. UNkulunkulu usipha amandla oMoya waKhe, ukuphila ngokunqoba phezu kwazo zonke lezi izinto; usicela kuphela ukuba sikukholwe. Lokho okwenzakala ngalelolanga eKhalvary. Kwakungakaze kube losuku olunjengalo. Kakusoze kube lolunye olunjengalo. Akusadingakali futhi. Inhlawulo ibhadelwe, futhi sesihlengiwe. Makabongwe uNkulunkulu! Thina sihlengiwe. Kakusela futhi ongabe usamangala ngakho. Kakusela kucabangela ngakho. Konke kususiwe. Iveli ladonsa ikhetheni, futhi sibekiwe emgwaqweni, kungasela kuzibuza futhi, kodwa ukukholwa lokuqhube ka ukholwa. Siyahamba singene phakathi kobuKhona bukaNkulunkulu.

<sup>67</sup> uAbrahama wayesazi, futhi labanye babesazi, ukuthi lapho bedinga uMuji, bakwazi ukuthi bavela kweyinye iNdawo. Kulento eyaye iyenzakele. Babephila emhlabeni ogogekileyo. Ukuza mazama komhlaba kweza. Iziphepho zeza. Izimpi futhi lokubulalana! Ikhanka futhi lewundlu kwakudlanana, kumbe ikhanka lalisidla iwundlu, futhi lesilwane sidle inkabi. Akukhangaleki kuhle. Kulento ephambanisekileyo. Yena wazi ukuthi kukhona okuphambanisekileyo. Amadoda futhi umfowabo ubulala umfowabo; uyise ubulala indodana, indodana ibulala uyise. Kukhona eyinye into ephambeneyo. Yena use euphala. Yena uyafa. Uyatshwabhana. Umkhuhlani uphezu kwakhe. Yena use bugqilini. Izihlahla ziyakhula, kodwa kazilakho ukungafi. Ziyafa. Izintaba ziyaguquka. Ulwandle luyoma. Amanzi ayaphela. Kulento ephambukileyo. Njalo wadinga indawo, uMuji lapho lokho kwakungenzakali futhi. Yena wayekwazi, nxa wayengabuyela eBusweni baLowo owakwenza kwalunga, wayezakhulumisana laYe.

<sup>68</sup> O, lithuba bani, soni, yilo, ngalokhu ukusa, ukwazi ukuthi ufumene iNdlela manje. Lelo langa eKhalvary lavula indlela. Ngoba bonke labo okhokho ababekuzingela futhi bekudinga, iKhalvary yakupha, ngokukhululekileyo. Ungakulandula njani? Ungakulandula njani, uhlanganyele isonto? Ungakulandula

njani, ufake enye into esikhundleni sakho, injabulo zomhlaba? Kungani ungakwamukeli? Iveli elivulekayo liletha umuntu eBusweni bukaNkulunkulu, engelasono phezu kwakhe, loba yiluphi uhlobo. Futhi kufake umgwaqo phambi kwakhe, entweni leyo ayidingayo: IZulu, inkazimulo, ukuthula, iMpilo engaPheliyo, konke kuphambi kwakhe.

<sup>69</sup> Lolo suku lwalu yi—yikutshayelwa ukufa kwamandla kaSathane. Kwaqeda yonke into.

<sup>70</sup> Futhi ngiyambona Yena lapho; Yena wayeliwundlu lase Edeni, kusukela ethunzini lokuqala elaphuma kukho.

<sup>71</sup> Lapho uAbela, ngokukholwa, wanikela kuNkulunkulu umhlatshele ongcono kuloka Khayini, kumele wayebophe u—umvini entanyeni yewundlu, walidonsela edwaleni. Wathatha i—ilitshe esandleni sakhe, ukuba yingqamu, futhi wadonsela ikhanda layo elincinyane emuva, njalo wagamula wayihlahlela laze lafa. Futhi uboya bayo bageza egazini layo. Lazibhixa egazini layo. Kwakulithunzi.

<sup>72</sup> Kodwa ngalolo suku eKhalvary, kwakungayisilo iwundlu lalumhlaba, kodwa kwakuliWundlu likaNkulunkulu, elalisifa, lizibhixa eGazini laKhe Yena. Wahlahlelwa, futhi waganyulwa, njalo watshaywa, futhi wakhafuelwa, futhi bamwakala, matshaya ngempama, futhi lakho konke, langomhlaba, futhi iGazi lijuluka lisehla ngenwele zaKhe.

<sup>73</sup> Lapho iwundlu lika Abela lisifa, lafa, likhuluma ngolimi lolo uAbela ayengelakuluzwisisa. Lalikhala.

<sup>74</sup> Lapho iWundlu likaNkulunkulu lafa ngalolo suku eKhalvary, Yena wakhuluma ngolimi lolo okwakungelamuntu owayengamuzwa Yena. “Nkulunkulu Wami, Nkulunkulu Wami, Ungitshiyeleli Mina?” KwakuliWundlu likaNkulunkulu, lihlahlelwe labayizicuthu, liganyuliwe.

<sup>75</sup> WayeliWundlu uqobo lelo uAbela ayelalo engqondweni, lapho ebona iNzalo yowesifazane ethenjisiweyo. Yena wayeliWundlu lelo uDaniyeli alibonayo, elaqetshulwa phakathi kwentaba, kungesizandla. WayeliVili eliphakathi kwevili, kumprofethi. Konke ababekubone ngaphambili kwatholakala ngalolosuku, lolo suku eKhalvary. Lokho kwaletha into enkulu phakathi. Kwephula umhlane kaSathane.

<sup>76</sup> Okokuqala, kumele sidinge ukuthi lolosuku lwalusitshoni. Okwesibili, kumele sibone lokho lolosuku olusenzele khona, khathesi, lokho olwasenzela khona. Manje, okwesithathu, asikhangeleni okumele sikwenzele lolosuku. Kumele senzeni?

<sup>77</sup> Okokuqala, kumele sikhangele kukho, ngoba lilanga elikhulu, usuku olukhulu ukwedlula zonke izinsuku. Inhlawulo yesono yabhadalwa. Amandla kaSathane ephulwa.

<sup>78</sup> Futhi manje sifuna ukubona esingakwenza ngokubuyisela. Manje, ngokubuyisela, lapho uJesu esifa eKhalvary, eKhalvary

ngalolosuku, Yena kazange abhadale inhlawulo kuphela ngenxa yezeno zethu, kodwa Yena futhi wabhadala inhlawulo futhi wenza indlela ukuba simlandele; ngoba thina, njengabo oAdamu ababewile sesihlengiwe. Njengo Moya ukhokhela uAdamu (uAdamu wokuqala) ngoMoya, owawulokubusa imvelo yonke, ngakho thina (uAdamu wesibili), kumbe abantu bomhlaba bahlengiwe nguKhristu, kusukela osukwini lweKhalvary, bangamlandela. Manje, lapho esifa eKhalvary, Yena wenza indlela. Yena wanikeza uMoya, uMoya oNgcwele, lowo Wona awuthumela emhlabeni, ukuze wena lami siphile ngawo. Yikho okutshivo yiKhalvary kithi, ukumlandela Yena.

<sup>79</sup> Kuqala, khangel a kukho, bona lokho okwasenzela khona. Njalo manje kuyini okumele sikwenze mayelana lalo? Kuyini okumele wena lami sikwenze?

<sup>80</sup> Manje, thina sithi, “Kuhle, Ngi—Ngiyakuthakazelela lokho. Lokho kuhle kakhulu.” Kodwa kumele sikwamukele. Futhi ukukwamukela, yikwamukela uBuntu baKhe, UKhristu enhliziyweni yethu.

<sup>81</sup> Njaloke, sikhululekile esonweni, ngakhoke akula zibopho zesono ezilenge phezu kwethu, lakancane. UNkulunkulu, njengokuthi sasingakaze sone, uMhlatshelo opheleleleyo wasenza saphelela. Ngoba, uJesu wathi, “Yibani ngabapheleleyo, njengokuba uYihlo oseZulwini ephelele.” Ngakhoke, akusela okunye okungenziwa, kodwa senziwe saba ngabapheleleyo eBusweni bukaNkulunkulu.

<sup>82</sup> Manje, nanku lapho esilahlekelwa yisikhundla sethu. Uba singaqapheli, sizama ukukhangela emuva kulokho esasiyikho khona. Futhi nxax sikhangel a emuva kulokho esasiyikho, uMhlatshelo kawutsho lutho kithi. O, kalikuboni, bandla? [UMBUTHANO uthi, “Ameni.”—Mhleli.] Nginge... Ngingeke ngiwuzame umsebenzi. Ngingeke, futhi lawe ungeke. Kakudingi ukuba uzame. Wena ulahlekile, okokuqala, kuphela nxax ukhangela kulokho owakwenzayo. Kodwa ungakhangeli kulokhu owakwenzayo.

<sup>83</sup> Khangela lokho lelolanga eKhalvary elakwenza kuwe. Labhadala inhlawulo yakho. Laqed a indaba. “Izono zakho zibomvu; zimhlophe njengo ngqwaqwane. Zibomvu njengobubende; mhlophe njengoboya bezimvu.” Ngakho kawulasono. Kawulasono ngokupheleleyo. Loba wenzeni, kumbe usenzani, kunjalo kawulasono. Kuphela nxax wamukele uJesu Khristu njengo Msindisi wakho, izono zakho zithethelwelwe. Into yonke ethethelweleyo i “yesulwe futhi kwakhohlkala ngayo.”

<sup>84</sup> Ngakho lokho kwenzani na? Kuyakupha, ngemuva kwaleso simo, uMoya waKhe, ukumlandela Yena, futhi lokwenza njengoba wenza Yena, kwabanye labo abalandelayo. Yena wayenguMuntu oyedwa, uMuntu opheleleyo. Yena wapha

ukuPhila kwaKhe, futhi Yena wakwenzela isibonelo. Manje kumele senzeni na?

<sup>85</sup> Manje, into yokuqala engifuna ukuyitsho, yile, uJesu kazange aziphilele ngokwaKhe. EyaKhe impilo yaphilelwa abanye. Lokho, ngokupheleleyo, yiMpilo engaPheliyo. Lapho usithi uya ebandleni, futhi wenze izinto ezilungileyo, kuhle lokho. Kodwa nxa uziphilela impilo yakho wena wedwa, kawula Mpilo engaPheliyo. IMpilo engaPheliyo, yikuphilela abanye. Kwatshengisela lapho Kusiza eWundlwini likaNkulunkulu. Yena waphila, njalo wayeleMpilo engaPheliyo, ngoba kazange Yena aziphilele ngokwaKhe. Waphilela abanye. Futhi uwemukela iMpilo engaPheliyo, ngokwamukela lolosuku, njalo kawuziphileli ngokwakho futhi. Uphilela abanye.

<sup>86</sup> Omunye wathi, “Ungema kanjani, uvumele loba ngubani ekuqamba amagama amabi anjengalawo?” Kawuziphileli ngokwakho. Uphilela abanye, ukuze uhlenge lowomuntu. Liba ngamadodana. Futhi uhlupho lwakho yilolu, ibandla selikhohliwe ukuba bangamadodana. Uyindodana. Uthatha indawo kaKhristu. Uyindodana, ngako ungaziphileli ngokwakho. Philela abanye.

<sup>87</sup> “Yebo, Mfowethu Branham, ngingaphilela lowu *umzalwane*, ngoba ngeqiniso ungumuntu olungileyo.” Lokho akusikho.

<sup>88</sup> Philela lowo muntu okuzondayo. Philela lowo muntu ongakubulala nxa wayengakwenza. Yikho abakwenzayo kuYe. Bambulala Yena, njalo wafa Yena, ukuba Yena abasindise. Leyo yiMpilo engaPheliyo. Lapho, wena, lokho kusesifubeni sakho, usukhangelane leZulu khonake. Kodwa uyadela ezakho izinto, ziyekele, njengemvu inikeza uboya bayo. Uyakhangela, ngaseKhalvary.

<sup>89</sup> Ngiyathemba lokhu kuyakunceda ukuba ungene endaweni. Yikho lokho ithabhanekeli, yikho lokho bonke abantu, abamele bakwenze, yikufumana lokho oyikho, njalo lokuthi injongo yikuyini. IBandla, akusikho ukuya esontweni ukuyakhalisa amaculo, ukuhlabela izingoma. IBandla yindawo lapho ukuqondiswa. “Ukwahlulela kuqalisela endlini kaNkulunkulu.”

<sup>90</sup> “Kumele sizibale njengabafileyo, futhi siphila kuKhristu.” Ngakho, Yena wenza indlela yokuba sizinikele thina kuyo inkonzo yaKhe, ukumlandela Yena. Uba simlandela Yena, siyaphila impilo ayiphilayo Yena. Kuyamangalisa lokhu.

<sup>91</sup> UJesu wathi, futhi wakhulumha ngakho. Yekani ngiliphe impinda mazwi ezilutshwane mayelana ngakho. Lalelisisa. Lingakukhuthi khona. UJesu wathi, ngaleloLanga Yena uzakwehlukanisa abantu, njengezimvu lembuzi. Futhi Yena uzakuthi embuzini, “Yimani esandleni senxele.” Futhi lakuzo izimvu, “Yimani esandleni sokudla.”

<sup>92</sup> Njalo wathi Yena embuzini, “Sukani kiMi. Ngokuba, ngangilambile, futhi kalizange liNgiphe okokudla. Ngangisentolongweni, njalo kalizange liNgivakatshele. Ngangihambaze, njalo kaliNgigqokisanga. Ngangomile, njalo kaliNgiphanga okokunatha. Ngangigula, kalizange liNgivakatshele. Ngakho, sukani phansi kwaMi.”

<sup>93</sup> Futhi ezimvini, Yena wathi, “Ngangilambile, futhi laNgipha okokudla. Ngangihambaze, futhi laNgipha okokugqoka. Ngangigula, futhi langikhonza Mina.”

<sup>94</sup> Futhi nanzeela. Lingehluleki ukukubamba lokhu, bandla. Kugcineni lokhu enhliziyweni zenu, kokuphela. Kwenziwa kungananzelewanga! Abantu kabakwenzi ngoba kungumlando. Umuntu okupha olunye ulutho, ngoba emele alwenze, umuntu omele akuphe ukudla ngoba kumele akwenze, ulombono wokuzifunela okungokwakhe. Kumele kube yikuphila kwakho, isenzo sakho uqobo.

<sup>95</sup> Kwakumangalisa sibili kulezi izimvu, okokuthi zathi, “Nkosi, kunini lapho Wawulambile? Futhi kasizange sikuphe ukudla Wena... Kunini lapho Wawulambile, futhi sakupha okokudla Wena? Kunini lapho Wawuhambaze, futhi saKupha impahla? Kunini lapho Wawuwomile, futhi sakuphupha Wena okokunatha? Kunini lapho Wawugula, njalo sakukhonza Wena?”

<sup>96</sup> Kwakwenziwe ngokungacatshangelwa ngothando, iMpilo yaKho yaphila phakathi kwabo. Nkulunkulu, yekela abantu babone lokho iKhalvary esenzela khona, ngokungacatshangelwa.

“Kwakunini Wena, Nkosi? Thina asizange sikuwazi lokho.”

<sup>97</sup> Khangela lokho uJesu ephenduka futhi wathi, “Njengokuba likwenze kulaba, likwenze kiMi.”

<sup>98</sup> Impilo engazifuneli okwayo; hatshi umcabango wesibili. Hatshi ukucabanga ngakho; kodwa ufile ezintweni zalumhlaba, futhi uphilile kangako kuKhristu, njalo uhamba emgwaqeni, ukuthi lezi izinto ziyinto ezizenzayo nje. Uyakwenza nje. Hatshi ukuthi, “Kahle, manje, iNkosi iza, Nkosi, ifuna ngenze lokho.” Akusikho lokho. Uyingxenye nje yaKhe. UMoya waKhe ukuwe, futhi wenza ngendlela enza ngayo Yena. Aa! Kubambe.

<sup>99</sup> “Kulendlela ekhangeleka ilungile emuntwini, kodwa ukuphela kwayo kuyindlela yokufa.”

<sup>100</sup> “Akusibo bonke abathi, ‘Nkosi, Nkosi,’ abazangena phakathi, kodwa labo abenza intando kaBaba waMi,” kusuka enhliziyweni zabo nje, ngokukhululekileyo nje.

<sup>101</sup> Manje, lelo langa eKhalvary labhadala leyonthlawulo, ukuze sibe yileyo ndlela.

<sup>102</sup> Hatshi uthi, “Uyazi, umfelokazi Jones ngesinye isikhathi waye... Waphelelwa ngamalahle, futhi ngahamba ngamthengela amalahle. Ngiyakutshela, ngibonile umzalwane obedinga isudu yezimpahla, njalo ngihambile ngamtholela isudu yezimpahla. Busisa uNkulunkulu! NginguMkhristu.” O, mina! Wena ozifunela okwakho, muntu ndini, ohawulayo. Ungumzenzisi.

<sup>103</sup> “Ungavumeli isandla sokudla sazi lokho esenxele esikwenzayo, futhi lesenxele sazi lokho esokudla esikwenzayo.” Kuyazenza nje ufile kuKhristu, uze ukwenze, kungenani. Yimvelo yakho. Yikwensiwa kwakho. Uyakwenza wena, kungenani. YiMpilo nje ephila kuwe. Uzinikele ngokugcweleyo kulowo Moya, futhi Uyaziphila Wona kuwe. O, uyawuzwa lowo Moya obusisekileyo, leyo Mpilo! “Hatshi mina engiphilayo,” watsho uPawuli, “kodwa uKhristu uphila kimi,” kuyazenza nje.

<sup>104</sup> “Kahle, ngiyakutshela, Mfowethu Branham, singamaKhristu lapha. Siyanceda *laba* abantu. Siyabanceda *bona* abantu.” O, mina! Ihlazo kuwe. Leso kayisiso siKhristu.

<sup>105</sup> IsiKhristu siyazenza nje. Kumele kwensiwe. Futhi uyakhohlwa ngakho, konke ngakho, “Angisoze.” Hamba, ukwenze.

<sup>106</sup> UKhristu wanikela ngokugcweleyo impilo yaKhe kuNkulunkulu. Wazinikela Yena, njengenceku yabantu, ebantwini. Wanikela impilo yaKhe, ngesihle. Kwakungamelanga akwenze. Kazange akwenze ngomona. Kazange athi, “Manje, bazalwane, lonke kumele licabange kakhlulu ngaMi, ngoba Ngize ukuzolifela.” Kazange akhulume ilizwi mayelana ngakho. Wafa, kungenani, ngoba kwakunguNkulunkulu kuYe.

<sup>107</sup> NguNkulunkulu ekuwe, nguNkulunkulu ekimi, lokho okusenza sikhangele abanye. Izimvu, kwelinye icele.

<sup>108</sup> Omunye wabo uzakuthi, “Kahle, Nkosi, ngenza *lokhu*. Futhi, Nkosi, ngenza *lokhuyana*.”

<sup>109</sup> Wathi, “Sukani kiMi, lina benzi bokubi. Kangizange ngibelazi.”

<sup>110</sup> Nxa ibandla lingafinyelela kulezozisekelo zeqiniso, lokho ukuthi akusilutho ozama ukulwenza, ozisebenzisa ukuthi ukwenze. Yinto ezelwe ikuwe.

<sup>111</sup> Ungithethelele, mngane wami womPhentekhosti. Lami ngingumphentekhosti. Kodwa abangane bami bamaPhentekhosti sebefike esigaben, lapho osokumele kube nga—ngamachacho akhaliswa ngokuphangisa, lokutshaya amabhendi, kumbe ukutshaya izandla, kumbe amathamborine, ukwenza bamemeze. Lawo ngamadlabuzane kuphela. Bayakhalisa amabhendi bengakayi empini. Bangenisa abantu phakathi kwedlabuzane lempi. Ngiyakholwa emachachweni.

Ngiyakhola ekutshayeni izandla. Kodwa ngiyakhola kulezi izinto. Lokho xhathu kuliqiniso. Kumele sibe lakho lokho.

<sup>112</sup> Kodwa litshiye izinto ezinkulu zingenziwanga, yileompilo elokuzidela ngokwakho ukuthi uNkulunkulu uphila kuwe, ukwenza okulungileyo ngoba kulungile kuzenza ngokwakho. Uqhubeka nje, ungacabangi lutho ngakho. Ukuphila nje. Khangela ke, uyabona okwenzakalayo. Uphonguku... kawenzi... Usemgwaqwani. Yikho iKhavary eyakutshoyo kuwe, emgwaqwani, yavulela wena Usuku lolo.

<sup>113</sup> Manje, manje khumbula, ungeke ube yingxene imbuzi njalo ngxene imvu. Akuhlangani.

<sup>114</sup> Manje, kulabantu abanengi abathi, “Yebo, uyazi ukuthini na? Silenhlanganiso eqembini lethu. Thina, thina siyanceda abayanga. Senza *lokhu*.” Lokho kulungile, kodwa ukhalisa uphondo lwakho ngakho. Kawuyenzi lokho.

<sup>115</sup> “Wenza iziphiwo zakho ekusithekeni,” UJesu watsho. Ngokuzenza nje, enye into kuwe, kungedluli ukuhamba, ukuthatha amanzi okunatha. Wena womile. Nxa omunye umuntu olandelayo ewomile, ucabanga ngaye, futhi. Isidingo somuntu olandelayo, ukhumbula ngaye indlela yinye lapho ukhumbula ngesidingo sakho. Futhi ungabilandaba ngakho. Uyaphila usiya phambili nje.

Manje, ungeke ube yingxene imvu lengxene imbuzi.

<sup>116</sup> Ngakho nxa usithi, “Kahle, ibandla lethu lilenhlanganiso. Siyapha abayanga, futhi senza *lokhu*, njalo senze *lokuyana*, futhi senze *lokunye*.”

